



IZELULEKO ZEZWE

Ngu Tony Alamo

Ngicela ukucacisa lokhu. Uma uNKULUNKULU ethi, uSathane ukhohlise umhlaba wonke, njengoba kushiwo kwiSambulo 12:9, Ukhulumu ngabantu abangasindisiwe basemhlabeni, hayi labo bethu abangamaKristu azelwe kabusha, ngoba labo bethu abangamaKristu azelwe kabusha basezweni, kodwa abasibo abezwe (NgokukaJohane 17:14-18).¹ Igama “ubuKristu” lisetshenziswa kabudedengu namhlanje. AmaKhatholika awasiwo amaKristu, kodwa angamalungu enkoloze enkulu kunazo zonke emhlabeni.²

abantu bezwe balalela abeluleki bezwe.³ Bangabafundisi bomsangano—izinhlanya. AmaHubo 1:1 athi, “Ubusisiwe umuntu [abantu] ongahambi ngezeluleko zababi, ongemi endleleni yezoni, ongahlali enkundleni yabaklolodayo.” Manje izwe lonke lilalela izeluleko zababi. Ababi kusho okuphambene noNKULUNKULUU futhi kubandakanya nezinto ezifana nepolitiki yezwe kanye nepolitiki yamajele. Kokubili akunabunkulunkulu. Abantu abangosopolitiki bayizikhulu ezikhethiwe nje kuphela, ezingakhethwanga nguNKULUNKULU, kodwa ezikhethwe ngabantu abangenaNkulunkulu, uquqaba (imob). Lababantu abangakholwa babbala ngisho izincwadi abazibiza ngamaBhayibheli. Nokho, bayaphambana neBhay-

ibheli, ngakho-ke (izincwadi zabo) ziyingozi kakhulu ukuba zifundwe.

Umzekeliso uyatholakala Kwabase-Roma 13:1, uthi, “Akube ilowo nalowo azithobe phansi kwamandla ombuso [lokhu akusho izikhulu ezikhethiwe, njengoba amaBhayibheli ahulumeni ongenabunkulunkulu esho]. Ngokuba akukho-mandla ombuso angaveli kuNKULUNKULU.” “UJESU wasondela, wakhulumu kubo, wathi: Ngiphewe amandla onke eZulwini nasemhlabeni” (NgokukaMathewu 28:18).

KwabaseRoma 13:1 futhi kuthiwa, “Amandla lawa akhona amiswe nguNKULUNKULU.” Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu umisa ubungqingili kanye nobungqingili kwabesifazane, lokhu futhi akwehlulelayo?⁴ Uyakholwa ukuthi uNKULUNKULU umisa ukukhishwa kwezisu—ukubulala—okuyinto futhi ayehlulelayo?⁵ Uyakholwa ukuthi uNKULUNKULU umisa ukuhlobonga, ukuphinga, abaqambimanga, amasela, nanoma isiphi isono?⁶ Cha, Akazimisi izinto ezingcole kangaka! Ingabe ukholwa ukuthi uzoya eZulwini uma wenza ukonakala okungaka? Ngeke uye! Uma ukholwa amanga anje, ulalela izeluleko zabangenankulunkulu, hayi izeluleko zabashumayeli baNKULUNKULU. IZWI likaNKULUNKULU lingukweluleka kukaNKULUNKULU.⁷



Abefundisi uTony noSusan Alamo



Umkhulu kaTony Alamo
waseStockholm, eSweden, kanye
nogogo wakhe waseHelsinki, eFinland

“Ngakho-ke omelana namandla ombuso [okungabashumayeli beVangeli ababekwe uNKULUNKULU], umelana nesimiso sikaNKULUNKULU: kepha abamelenana nakho bayakwamukeliswa ukulahlwa. Ngokuba ababusि [abashumayeli bakaNKULUNKULU] abesabeki kwa-

(Kuyaqhubeke ekhasini 2

¹ Joh. 1:6-13, 3:3-8, 15:18-20, 17:6-16, Rom. 8:7-14, 12:1-2, 1 Kor. 2:12, Jak. 4:4, 1 Joh. 2:15-17 ² Eks. 5:20-3, Isaya 44:8-20, Math. 12:46-50, 23:9, Luk. 11:27-28, 1 Thim. 2:5, IsAmb. 13:1-8, isahl. 17, 18 ³ Jobe 21:14-16, AmaH. 2:1-5, 106:43, 107:11, IzA. 1:25, 30, Isaya 30:1, Hos. 4:12, Joh. 8:47, 1 Kor. 2:12-14, 2 Kor. 4:3-4, 2 Thes. 2:10-12, 2 Thim. 3:13, 4:3-4, 1 Joh. 4:4-6 ⁴ Gen. 24:25, 13:19:1, Lev. 18:22, 20:13, Dut. 22:5, 23:17-18, 1 AmaKh. 14:24, 15:11-12, Rom. 1:18-32, 1 Kor. 6:9-10, 1 Thim. 1:9-10, Juda 7 ⁵ Gen. 9:6, Eks. 20:13, 21:12, Lev. 24:17, Num. 35:16-21, 30-33, Math. 19:18, Rom. 13:9, Gal. 5:19-21, Jak. 2:11, IsAmb. 22:14-15 ⁶ Eks. 20:14-16, Lev. 18:4, 20, 19:11-13, 20:10, Dut. 5:18-21, IzA. 6:32, Mal. 3:5, Math. 5:27-28, 15:19-20, 19:18, Mark. 7:21-23, Luk. 18:20, Joh. 8:44, Rom. 13:9, 1 Kor. 5:9-13, 6:9-10, 13-18, 7:2, 9, 10:7-8, 2 Kor. 12:21, Ef. 5:3, Kol. 3:5-6, 1 Thes. 4:3-5, 1 Thim. 1:9-10, Jak. 2:11-12, Juda 7, IsAmb. 2:14, 20-22, 9:20-21, 21:8, 27, 22:15 ⁷ Dut. 4:1-40, 6:4-9, 8:3, 11:18, Josh. 1:8, AmaH. 19:7-11, 119:1-11, IzA. 6:20-23, Math. 7:24-27, Joh. 5:24, 6:63, 8:31-32, Rom. 15:4, 2 Thim. 2:15, 3:15-17, 1 Pet. 2:2-3, IsAmb. 1:2-3

IZELULEKO ZEZWE

(Kuyaqhubeka kusukela ekhagini 1)

benza okuhle, kodwa kwabenza okubi” (KwabaseRoma 13:2-3). Ububi uquqaba. Izikhulu ezikhethiweyo zikhomba ukuthi zona zingasinda, futhi ziphephile ukuma phambi kukaNKULUNKULU. Zicabanga ukuthi zona zihlanzekile, zimhlophe, futhi **zimsulwa**, kodwa zingcolile futhi ziyananyeka njengoquqaba.⁸ Uquqaba, abantu basezweni, bakhomba ukuthi abantu besifazane bangonkulunkulu, futhi banelungelo lokubulala izingane zabo. Uquqaba luye lwavotela ukuthi umshado wabanobulili obufanayo, ubungqingili, ubungqingili kwabesifazane, ukuhlobonga, ukuphinga, izithombe zokulalana, nazozonke ezinye izono zilungile. Lesi iseluleko zababi.

Futhi, AmaHubo 1:1 athi, “Ubusisiwe umuntu [abantu] ongahambi ngezeluleko zababi, ongemi endleleni yezoni.” UKRISTU weza ezweni ukuzosindisa izoni (1 kuThimothewu 1:15), hayi ukuvuna ababi ngokuzama ukuvimba abashumayeli baNKULUNKULU ukuthi bangafakazi kubo noma ngokuzama ukufundisa abashumayeli baNKULUNKULU ukuthi bazifakazele kanjani izoni. Ababi abasibo abeluleki bami, futhi mabangabi abeluleki benu, ngoba, “Ubusisiwe umuntu [noma abantu] ONGAHAMBI ngezeluleko zababi, nongemi endleleni yezoni.” Abantu bezwe abahlulelwengenxa yokukhonza uSathane, ngokwesAmbulo 12:9, benza konke okusemandeni abo ukuvimba amaKristu, umzimba kaKRISTU, ukuzuzela imiphefumulo eNKOSINI, ukuholela abantu eZulwini.

Iphephandaba eTexarkana selifundise bonke abahlali bakuleyandawo ukuthi bashaye u911, ukubiza amaphoyisa, uma bebona noma ibaphi abantu bethu besabalalisa noma iziphi izincwadi zoboKristu.⁹ Iphephandaba laseTexarkana lenza konke okusemandeni alo ukuzama ukuvimba izoni zakuleyandawo ukuba zizwe iqiniso. Abemithombo yezindaba noma abezokuxhumana

besizwe benza into efanayo. Uhulumeni womhlaba usuthatha ngisho izingane zethu, ngenxa yokuthi sisabalalisa izincwadi zoboKristu. Labo okuyibona abamelene nezeluleko zikaNKULUNKULU basitshela ukuthi yibona abazophatha ibandla lethu. Ngamanye amazwi, bacabanga ukuthi uhulumeni uzophatha ibandla lethu. Cha, ngeke bakwenze lokho! Ngeke sihambe ngezeluleko zababi, sime endleni yezoni, noma sihlale enkundleni yabaklolodayo (labo abathukuthelele iZWI likaNKULUNKULU). Ukuthokoza kwethu kuseMthethweni kaJEHOVA futhi ngidlinza ngoMthetho WAKHE imini nobusuku (AmaHubo 1:2).

Ibandla lethu lokuqala laqalwa emhumeni wokudayisa izidakamizwa eHolywood, eCalifornia. Saholela umdayisi wezidakamizawa (okunguyena odume kabi eHolywood) eNKOSINI. Masinyane wagcwala intshisekelo. Wasimema (uSue kanye nami) ukuba size emhumeni wokudayisa izidakamizwa ukuba sishumayele iVangeli. Sayakhona nge-Sonto, emva kwenkonzo yethu phakathi nedolobha eLos Angeles, eMishini yeVangeli kaSister Jerry.

Saya kulendlu enkuwu eseCarlos Avenue lapho kwakukhona umhume wokudayisa izidakamizwa. Yayigcwele abantu (abasebenzisa izidakamizwa). Nganikeza ubufakazi bami kanti uSusie washumay-

ela umlilo neyisibabuli kubona. Wabonisanabonokuthi kungani bebhubbisa izingqondo zabo, imizimba yabo, kanye nemiphefumulo yabo. Bonke basindiswa, futhi kwaba yibandla lethu lokuqala lelo. Kusukela ngalesosikhathi, sabhekana nqwamashi noSathane. Kusukela ngo1964, sesivule amabandla emhlabeni wonke. Siwamise ngezeluleko zikaJEHOVA, hayi ngezeluleko zababi.

Isilo, esasungulwa ngumprofethi wamanga, inkoloze yamaKhatholika, saphinda futhi samisa INhlangano yeZizwe Ezihlangene.¹⁰ Thina, esingalandeli izezeluleko zababi, siyakuba njengemithi etshaliwe ngasemifuleni yamanzi, sithele izithelo zethu (imiphefumulo) ngesikhathi sethu; amaqabunga ethu angabuni; futhi konke esikwenzayo siyakuba nenhlanhla kukho (AmaHubo 1:3).

AmaHubo 1:4-5 athi, “Ababi abanjalo: kodwa banjengamakhoba aqhutshwa [aphephethwa] ngumoya. Ngalokho ababi abayikuma ekwahluwelweni, noma izoni [ezingaphendukanga] ebandleni labalungileyo.”

Incwadi yabaseRoma 13:4-5 ithi: Ngokuba izinceku noma izikhonzi zeqiniso, abeluleki, bayizinceku noma izikhonzi zikaNKULUNKULU, kuge

¹⁰ IsAmb. 14-16:13 14-13:1, isahl. 17, 18:1-3, 24, 19:19-20

EKenya

Sawubona Mfundisi Tony,

Bengilokhu nighlephulelana ngezincwadi zakho zeVangeliI [ngesiSwahili] esigodini sakithi, kulenkonzoyokuzuzela imiphefumulo embusweni kaNkulunkulu. Sengathi uNkulunkulu angakubusisa.

Owakho kuKristu,

U-G. S.

eBungoma, eKenya



kuhle kuwe. "Kepha uma wenza okubi [okungukulandela izeluleko zababi, okuwuquqaba olunomthelela kwi U.N. ephoqeleta intando yabo], yesaba; ngokuba yena [isikhonzi sikaNKULUNKULU] asiyiphatheli ize inkemba [iZWI likaNKULUNKULU, okuyinkemba¹¹]: ngokuba siyisikhonzi sikaNKULUNKULU, umphindiseli wokwehlisela ulaka kowenza okubi. Ngalokho kuswelekile ukwuthobel, kungabi kuphela ngenxa yolaka, kodwa nangenxa kanembeza."

UJESU wathi, "Khumbulani izwi enganitshela lona mina lokuthi: Inceku ayinkulu kunenkos yayo. Uma bengizingele

11 Ef. 6:17, Heb. 4:12, IsAmb. 1:13-18, 2:12-16, 19:11-16, 21

Endiya

Mthandekayo othandekayo kuKristu,

Ngiyabonga ngempahla yakho yomusa, yezincwadi kanye neBhayibeli. Ngafunda imilayezo futhi ngazuza ulwazi oluningi ngoKristu nokugqugquzel abanye ukuba beze kuKristu ukuze baphenduke abafundi. Ngiyambonga kakhulu uNkulunkulu ngomsebenzi omangalisayo owenzayo. Izincwadi ziwasiza kakhulu enkonzweni yethu. Wonke umuntu kumele azifunde futhi afunde ngeNkosi, amukele uJesu bese eyasindiswa ngokufunda izincwadi zakho. Ngicela usikhulekele njengoba nathi sikukhulekela.

Inceku kaNkulunkulu,

U-A. R. e-Andhra Pradesh, Endiya

EMexico

(Kuhunyushwe kususelwa kwi Spanish)

Mfundisi Alamo othandekayo,

Ngikuthumela imikhonzo emnandi, ngifisa ngayoyonke inhliyo yami ukuthi uphile futhi ugcwale izibusiso. Ngizitholile izincwadi zakho zeindatshana futhi ngiyakuqonda konke okubhalile. Sengiyabona ukuthi inkonzoo yakho igqugquzelwa ezindaweni ezahlukene zomhlaba. Ngiyafisa ukuba ingxenyaleokhu ngelinye ilanga. Ngiyokuthokozela ngokungaphezi uma ungaqhubeke nokungithumela ulwazi oluwsizo kakhulu; lokhu kungivula ingqondo futhi kuyangisiza ukuqhubeke usuku nosuku. Ngiyabonga ngayo yonke imizamo yakho.

Ngokunakekela,

U-J. P.

eDurango, eMexico



INKONZO KA-ALAMO EKU-INTANETHI
www.alamoministries.com

mina, nani bayakunizingela; uma begcine izwi lami, nelenu bayakuligcina. Kepha konke lokho bayakukwenza kini ngenxa yegama LAMI, ngokuba bengamazi YENA oNGITHUMILEYO. Uma bengingafikile, ngakhulumu kubo, ngabe abanasono; kepha kalokhu kabanazaba ngesono sabo. Ozonda MINA uzonda noBABA. Uma MINA bengingenza phakathi kwabo imisebenzi engenziwanga ngomunye umuntu, ngabe abanasono: kepha kalokhu babonile, bangizonda NAMI noBABA. Kodwa kunjalo ukuba kugcwaliseke iZWI elilotshiweyo emthethweni wakubo lokuthi: BaNGIZonda ngeze" (Isaya 53:3, NgokukaJohane 15:20-25).

Manje siphila esikhathini lapho ofak-

azi ababili baNKULUNKULU beyovela kubobonke ngomabonakude. Ofakazi ababili bayoshumayela izeluleko ziKaNKULUNKULU, abantu bonkana emhlabeni abangazamukeli. Isilo, uhlumeni womhlaba, uyobavukela futhi ubabulale ngoba bahlukumeza abantu bomhlaba ngeZWI likaNKULUNKULU ngokungaphezi (IsAmbulo 11:3-12). Abantu bezwe bayojabula ukubona izidumbu zabo zifle zilele ezitaladini zaseJerusalem izinsuku ezintathu nengxene (3½) bayoze bathumelelane izipho, ukuthakasela ukufa kwabo. Emva kwalokho uMoya wokuphila uyongena emizimbeni efile yalabofakazi ababili.

(Kuyaqhubeka ekhasini 4

Okuvela Emnyangweni wethu weZokuhumusha

Evela kumhumushi wethu wesiZulu

Sibusike kakhulu ngokufunda imilayezo kaMfundisi u-Alamo. Umyeni wami, owenza umsebenzi wokushumayenza Intsha eMayunivesithi (i-University Campus Youth Ministry), uye wathokozela kakhulu ukufunda eziningi zezincwadi futhi uyamkholwa uNkulunkulu ukuthi uzothinta izimpilo eziningi ngazo. UNkulunkulu akubuse, USindi,

eNtshonalanga neKoloni, eNingizimu Afrika

Evela kumhumushi wethu wesiSwahili

Izincwadi zikaMfundisi uTony sezivule amehlo ami ngalendlela yokuthi manje,

uma ngilalela abashumayeli emsakazweni, ngyialazi iqiniso futhi angibashayi ndiva abashumayeli bamanga. Uma sengihlola amaphutha ezincwadini, ngyiazifunda ngokuphindelela futhi nangokucophelela, bese ngyavuseleka emoyeni. UMfundisi Tony uthinta izimpilo eziningi. Ngiyabonga.

Evela kumhumushi wethu wesi-Armenian

Uma kuphela usuku ngingakwazanga ukusebenza ngezincwadi zikaMfundisi Alamo, ngyiezwa. Umphefumulo wami usuncike ezincwadini zikaMfundisi Tony. Ngibusisekile kakhulu ukuthi ngyakwazi ukusebenza ngazo. Ngiyabatshela bonke abangani bami kanye nengisebenza nabo ngalokhu engikufundayo.

Evela kumhumushi wethu wesiChichewa

Ngiyambonga uNkulunkulu ngemisebenzi onginika yona. Iyisibusiso, isikhali empilweni yami. Ngiyabonga nokufunda okuningi ngevangeli leqiniso likaNkulunkulu, ngasosonke isikhathi ngihumusha izincwadi zakho zeindabala. Ngiyambonga uNkulunkulu ngempilo kaMfundisi Tony Alamo. Sengathi izingelosi zasezulwini zingaqhubeka nokumbheka kanye nokumvikela. UNkulunkulu akubuse!!!

UDoris eGoli, eNingizimu Afrika



<https://twitter.com/tonyalamominist>



<https://www.youtube.com/user/PastorTonyAlamo>



<https://www.facebook.com/pages/TONY-ALAMO-Christian-Ministries/729439147079523?ref=ts>

IZELULEKO ZEZWE

(Kuyaqhube ka kusukela ekhansi 3)

Bayoma ngezinyawo zabo bese benyuke-la eZulwini ukuba babesePharadisi, ukuze bahlale noKRISTU kuze kubephakade (IsAmbulo 11:11-12).

Tshela mina, uyazithanda izeluleko zikaNKULUNKULU, noma uthanda izeluleko zababi? Uma uthanda izeluleko zikaNKULUNKULU ngendlela yokuthi uze umvumele YENA, ukuba enze umsebenzi kuwe ngalezinsuku zokugcina, yisho lomkhuleko bese uyasindiswa:

NKOSI yami, NKULUNKULU wami, yiba nesihe phezu komphefumulo wami, umoni.¹² Ngiyakhola ukuthi UJESU KRISTU uyiNDODANA kaNKULUNKULU ophilayo.¹³ Ngiyakhola ukuthi Wafa esiphambanweni futhi wachitha igazi LAKHE eliyigugu ukuze ngithethelwe zonke izono zami engizenze ngaphambilini.¹⁴ Ngiyakhola ukuthi UNKULUNKULU wavusa UJESU kwabafleyo ngamandla KAMOYA OYINGCWELE,¹⁵ nokuthi Uhlezi ngak-wesokunene sikaNKULUNKULU ngalomzuzu elalele ukuvuma kwami izono zami kanye nalomthandazo.¹⁶ Ngivula umnyango wenhlizyo yami futhi ngi-

yakumema ukuthi ungene enhliziyweni yami, NKOSI JESU.¹⁷ Ngihlanze kuzonke izono zami ezingcolile egazini eliyigugu, othe walichitha esikhundleni sami, esiphambanweni eKhalivari.¹⁸ Angeke ungichithe ungilahlele ngaphandle NKOSI JESU. Uzongithethela izono zami futhi usindise umphefumulo wami. Ngiyazi ngoba IZWI LAKHO, iBhayib-heli, lisho njalo.¹⁹ IZWI LAKHO lithi akekho namunye umuntu oyomdikila umlahlele ngaphandle futhi lokhu kubandakanya nami.²⁰ Ngakho-ke ngi-yazi ukuthi ungizwile, futhi ngiyazi ukuthi ungiphendulile, futhi ngiyazi ukuthi ngisindisiwe.²¹ Futhi Ngiyabonga, NKOSI JESU ukuthi usindise umphefumulo wami, kanti futhi ngizokhombisa ukubonga kwami ngokwenza njengoba un-giyala futhi ngingabe ngisona.²²

Ngemuva kwensindiso, uJESU wathi kabalulekile ukubhaphathizwa, ngokuphelele emanzini, egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya OYINGCWELE.²³ Bese ufunda iBhayib-heli ngok-weNkosi uJames (i-King James Version Bible), futhi, ukuze likusize wena futhi lisize nabanye, yenza lokhu elikush-oyo.²⁴ USimakade ufuna utshele abanye ngensindiso yakho. Ungaba wumuntu ohambisa ivangeli lezincwadi zikaMfundisi uTony Alamo. Sizokuthumelela

izincwadi mahhala. Shaya ucingo noma uthumele i-imelyi ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa. Yabelana ngalomyalezo nomunye umuntu.

Uma ufuna umhlaba usindiswe, njen-goba eyala UJESU, ungamphangi uNKU-LUNKULU okweshumi kwakhe nem-nikelo. UNKULUNKULU wathi, "Ingabe umuntu angaphanga uNKULUNKULU na?" Nokho niyangiphanga. Kepha nina nithi, "Sikuphange kanjani na?" Ngok-weshumi nangeminikelo. Niqalekisiwe ngesiqalekiso: ngokuba niyangiphanga, sizwe sonke [nalelizwe lonke]. Ngenisani konke okweshumi ['okweshumi']— u10% weholo lakho liphelele] enqolobaneni, ukuze kubekhona inyama [nokudla okungokomoya] endlini YAMI. [Imiphe-fumulo iyasindiswa] Futhi ningivivinye ngalokhu, usho uJehova-Sebawoti, uma mina angeke ngikuvulele amafasitela ezulu, futhi ngithululele izibusiso kuwe, ngendlela yokuthi angeke ubenendawo eyaneleyo ukuzemukela endlini yakho. Mina ngiyokhuza umushwabadi ochi-thayo ngenxa yakho, futhi ngeke achithe izithelo zomhlabathi wakho; nomvini wakho ngeke waphonsa izithelo zawo ngaphambi kwasikhathi endle, usho uJEHOVA-Sebawoti. Futhi zonke izizwe ziyoukuthi nibusisiwe ngokuba niyakuba yizwe elijabulisyayo, usho uJEHOVA SE-BAWOTI" (Malaki 3:8-12).

12 AmaH. 51: 5, Rom. 3:10-12, 23 13 Math. 26:63-64, 27:54, Luk. 1: 30-33, Joh. 9:35-37, Rom. 1:3-4 14 IzE. 4:12, 20:28, Rom. 3:25, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 5: 9 15 AmaH. 16: 9-10, Math. 28: 5-7, Mark.16: 9, 12, 14, Joh.2:19, 21, 10: 17-18, 11:25, IzE. 2:24, 3:15, Rom. 8:11, 1 Kor. 15: 3-7 16 Luk. 22:69, IzE. 2:25-36, Heb. 10:12-13 17 1 Kor. 3:16, IsAmb.3:20 18 Ef. 2:13-22, Heb. 9:22, 13:12, 20-21, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 1:5, 7:14 19 Math. 26:28, IzE. 2:21, 4:12, Ef. 1:7, Kol. 1:14 20 Math. 21:22, Joh. 6:35, 37-40, Rom. 10:13 21 Heb. 11:6 22 Joh.5:14, 8:11, Rom. 6:4, 1 Kor. 15:10, IsAmb.7:14, 22:14 23 Math. 28:18-20, Joh.3:5, IzE. 2:38, 19:3-5 24 Dut. 4:29, 13: 4, 26:16, Josh. 1: 8, 22: 5, 2 Thim. 2:15, 3:14-17, Jak. 1:22-25, IsAmb 3:18

Sicela uxhumane nathi ukuze uthole ulwazi olubanzi, noma izincwadi mayelana nezinye izihloko ongazithakasela.

Tony Alamo, World Pastor (Umfundisi Wezizwe zonke), Tony Alamo Christian Ministries Worldwide P.O. Box 2948, Hollywood, CA 90078

Inhombolo yethu yocingo esebeza amahora angamashumi amabili nane ngosuku, uma udinga ulwazi noma imithandazo:

+1 (661) 252-5686 • Fax +1 (661) 252-4362 • www.alamoministries.com • taoffice@alamoministries.com

Izinkonzo ZamaKristu zikaTony Alamo Emhlabeni jikelele, zinikeza indawo yokuhlala nakho konke okuyizidindo zempilo kubo bonke abantu, ezindaweni zethu eU.S; abantu abafuna ngempela ukukhonza uSimakade ngayo yonke inhlizyo yabo, umphefumulo, ingqondo namandla.

Izinkonzo zibanjelwa eNew York City njalo ngoLwesibili, ngo 8 P.M. nakwezinye izindawo ebusuku. Sicela ushayele ucingo kulenombolo: +1 (908) 937-5723, ukuthola ulwazi. UKUDLA KUYANIKEZWA NGEMUVA KWENKONZO.

Cela Incwadi kaMfundisi Alamo, UMesiya, ebonisa isambulo ngoKristu, esitholakala eTestamenteni Elidala, eziprofethweni ezingaphezu kuka-333. Iba isisebenzi ekuvuneni imiphefumulo ngokuba ubengumsabalali wezincwadi zikaMfundisi Alamo.

Zonke izincwadi zethu kanye nemilayezo elalelwayo kutholakala mahhala, nemali yokuposa, ikhokhwa yithi. Uma kukhona ozama ukukhokhisa imali ngazo ngokungemthetho, shayela lenombolo yocingo +1 (661) 252-5686 (ucingo lukhokhelwa yithi, uma usifonela)

LEZIZINCWADI ZITHWELE UHLELO LWEQINISO LWENSINDISO (Izenzo 4:12).

MUSA UKUYILAHLA, DLULISELA KOMUNYE UMUNTU.

Kunina enikwamanye amazwe, sinikhuthaza ukuba nihumushe lezincwadi ngolimi lwenu lwendabuko.

Uma niphinda niyishicilela, sicela nifake le-copyright kanye ne-registration: